Soek jy 'n fantastiese tutor?

www.teachme2.com/matriek

Byeengebring deur

teachme2

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPA LESITHATHU (P3)

LWEZI 2022

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-3

Leli phepha linamakhasi ayi-5.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

   ISIQEPHU A: Indaba (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (2 x 25) (50)

   QAPHELA: Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isb. Asabulwembu/awumdwebo/ ayifloshadi/amaphuzu asemqoka), lungisa amaphutha uphinde ufundisise umsebenzi wakho. Amalungiselelo kumele avele njengamalungiselelo ngaphambi kwempendulo.

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-100
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-80 (2 x 40)

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela efanele njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa inani lamagama empendulo kuphela.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

1.1 Akuvelwa Kanye Kanye Entabeni Njengamadlebe Embongolo **[50]**

1.2 Imvelo Nezimanga Zayo **[50]**

1.3 Bhala indaba ephetha ngala mazwi, 'Ngabona ngalelo langa ukuthi imisebenzi yomuntu iyamlandela.' **[50]**

1.4 Ukuchitha Isikhathi Esiningi Ezinkundleni Zokuxhumana Kunomvuzo Empilweni **[50]**

1.5 Impumelelo Kumatikuletsheni Ilele Ekusebenziseni Amahora Engeziwe **[50]**

Izithombe ezilandelayo zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo 1.6 kuya ku-1.8 bese uyinika isihloko indaba yakho.

QAPHELA: Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6

[Sicashunwe ku-inthanethi] **[50]**

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

1.7

[Sicashunwe ku-inthanethi] **[50]**

1.8

[Sicashunwe ku-inthanethi] **[50]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

- Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.
- Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbhalo ngamunye.

2.1 **UMLANDO KAMUFI**

Ubabekazi wakho udlule emhlabeni ngokukhulu ukuzuma.

Bhala **umlando kamufi**, ubabekazi wakho, ozofundwa ngosuku lomngcwabo. **[25]**

2.2 **INKULUMO ENGALUNGISELELWE**

Kufike abafundi ababefunda esikoleni ofunda kuso asebephumelele empilweni bezoxhasa ngezinsizakufunda ezahlukene.

Njengomholi woMkhandlu Wabafundi, bhala **inkulumo engalungiselelwe** yokubonga lolu xhaso. **[25]**

2.3 **ISIBUYEKEZO**

Ufunde incwadi esanda kushicilelwa ekuhlabe umxhwele.

Bhala **isibuyekezo** saleyo ncwadi oyifundile. **[25]**

2.4 **I-ATHIKHILI YEPHEPHABHUKU**

Iphephabhuku, iKusa Kusa, linengosi yokubhala imibono yentsha.

Bhala **i-athikhili yephephabhuku** ugqugquzele intsha ukuba isungule ezikaqeda isizungu emphakathini. **[25]**

2.5 **IKHARIKHULAMU VITHAYE NENCWADI EHAMBISANA NAYO**

Kuvele amathuba emisebenzi enhlobonhlobo enxanxatheleni yezitolo zangakini.

Bhala **ikharikhulamu vithaye nencwadi ehambisana nayo** ucele isikhala somsebenzi. **[25]**

2.6 **INCWADI YOBUNGANI**

Umzala wakho enibamba naye amatoho ngamaholide kaZibandlela, usebenzisa imali budlabha ezintweni ezingenasidingo.

Bhala **incwadi** umeluleke ukuze ashintshe ukwenza kwakhe. **[25]**

AMAMAKI ESIQEPHU B: 50
AMAMAKI ESEWONKE: 100